St Alphonse Parish Newsletter

Volume 2, Issue 7 www.stalphonse.org.za MAY 2009

UNYAKA WOMPHOSTOLI U PAULUS (28 JUNE 2008 – 28 JUNE 2009)

Donation : R2.00

UPhapha uhambele izwe lakwa Israel.

UPope Benedict XVI ehola iMisa e Manger Square eBethlehema

Thulani Jili

Osukwini lesithathu uPhapha Benedict XVI evakashele elakwaIsrael, uye wedlulela eWest Bank ngenhloso yokubonana nabasePhalestina futhi adlulele eBethlehema. Unxuse amaPhalestina ukuba angalusebenzisi udlame. "Siyalixhasa ilungelo lokuba kumiswe ngokuphelele izwe elizimele lamaPhalestina futhi nivikeleke nihlale ngokuthula nomakhelwane benu."kusho uPhapha

(iqhubeka ekhasini lesine)

OKUDAYISAYO EHOVISI LOMFUNDISI NGAMANANI APHANSI

AmaRosari amahle kakhulu futhi akhanyayo ebusuku
Izincwadi zezifundo, amaculo, amakhathekizima, inkambo yabaCwebileyo nezinye
Ama Calendar ka 2009
Impepho namalahle
Ama DVD ase Kevelaer (Anna ne Nhliziyo), Centocow (Nhliziyo), nowokubekwa koMbhishobhi wesifundabhishobhi saseMariannhill

HAMBA KAHLE REV. DUM'SANI PETRUS XULU



Rev. Fr. Petrus Dum'sani Xulu

URev. Fr. Dum'sani Petrus Xulu wasishiya engozini yemoto mhla zingu 6 May 2009 ephuma emhlanganweni wabaPriste. Wazalwa zingu 13 August 1968. Wagcotshelwa ubuPriste mhlazingu 16 December 2004. Ubeluse amakholwa ase Clairvaux Mission eMpendle.

Mt. 25:34 " Wozani nina enibusisiwe nguBaba, kusho iNkosi, nidle umbuso enawulungiselwa seloku kwadabuka umhlaba."

Nkosi muphe ukuphumula umphumlela wafuthi, nokukhanya kwaphakade kumkhanyele, makaphumule ngobuhle. Amen

IZIFUNDO ZANGO MAY – NYAKA B

03 May 2009 : ISONTO LESI-4 LEPHASIKA

Isifundo sokuqala : Izenzo 4 : 8 - 12

Ingqikithi: *"Akukho kusindiswa ngomunye"*

Isihlabelelo : *"Ngiyokudumisa Nkosi, emhlanganweni omkhulu"*

Isifundo sesibili : 1 Jn 3 : 1 - 2

Ingqikithi: *"Siyakumbona njengoba enjalo."*

Ivangeli : Jn 10 : 11 - 18

10 May 2009 : ISONTO Lesi-5 LEPHASIKA

Isifundo sokuqala : Izenzo 9 : 26 - 31

Ingqikithi: *"Wabalandisa ukuthi yena wayibona kanjani iNkosi endleleni"*

Isihlabelelo : *"Ngiyokudumisa, Nkosi, emhlanganweni omkhulu"*

Isifundo sesibili : 1 Jn 3 : 18 - 24

Ingqikithi: *"Umyalo wakhe yilowo wokuthi sikholwe sithandane."*

Ivangeli : Jn 15 : 1 - 8

17 May 2009 : ISONTO Lesi-6 LEPHASIKA

Isifundo sokuqala : Izenzo 10 : 25–26, 34-35, 44-48

Ingqikithi: *"Isipho soMoya Ocwebileyo saphiwa nabezizwe"*

Isihlabelelo : *"Inkosi ivezile usindiso lwayo phambi kezizwe zonke."*

Isifundo sesibili : 1 Jn. 4 : 7 - 10

Ingqikithi: *"Unkulunkulu uluthando"*

Ivangeli : Jn 15 : 9 - 17

21 May 2009 : ULWESINE WOKUNYUKA

Isifundo sokuqala : Izenzo 1 : 1 - 11

Ingqikithi: *"Kwathi bebhekile uJesu wenyukela eZulwini"*

Isihlabelelo : *"Inkosi yenyukela eZulwini ngenhlokomo yokujabula,/ ngokukhala kwecilongo"*

Isifundo sesibili : Efesu 4 : 1 - 13

Ingqikithi: *"Sifinyelele ebudaleni obufanele nobuphelele bukaKristo"*

Ivangeli : Mk 16 : 15 – 20

24 May 2009 : ISONTO LESI – 7 LEPHASIKA

Isifundo sokuqala : Izenzo 1 : 15 – 17, 20[a], 20c – 26

Ingqikithi: *"Ngakukhethwa omunye kulamadoda abe ufakazi wokuvuka kwayo kanye nathi"*

Isihlabelelo : *"Inkosi isezulwini, esihlalweni sayo sobukhosi"*

Isifundo sesibili : 1 Jn. 4 : 11 - 16

Ingqikithi: *"Ohlala othandweni uhlala kuNkulunkulu, noNkulunkulu uhlala kuye"*

Ivangeli : Jn. 17 : 11b - 19

---

31 May 2009 : ISONTO LEPHENTEKOSTE

Isifundo sokuqala : Izenzo 2 : 1 - 11

Ingqikithi: *"Bonke bagcwala uMoya Ocwebileyo, baqala ukukhuluma"*

Isihlabelelo : *"Ake uthume uMoya wakho Nkosi, uvuselele busha bonke abasemhlabeni"*

Isifundo sesibili : 1 Gal. 5 : 16 - 25

Ingqikithi: *"Izithelo zoMoya"*

Ivangeli : Jn. 15 : 26 – 27; 16 : 12 - 13

KASISITHANDAZELE ISIPHO SOKUBONA OKUHLE

Solwazi OEHM Nxumalo

Sineziphiwo eziningi. Sizisebenzisa ngezindlela ezehlukene. Ezinye zezipho zethu ngamehlo, umqondo, nolimi lokusho esikubonayo. Ngesinye isikhathi sibona esikuthandayo noma esingakuthandi. Uma sibhekisisa njalo sigebele ekukhulumeni ngalokho okubi. Sikhuluma ngokuhle imvamisa kuphela uma kuphathelene nathi noma nalabo esibathandayo noma izihlobo zethu. Ngisho namaphephandaba nemithombo yezindaba ifunga iyagomela ithi uma ingayeka ukugxila kulokho okubi nokwethusayo nokungamahlazo, ngeke kuthenge muntu. Konke lokhu kucabanga nokwenza kudinga ukuthandazelwa khona sizoguquka. Sikhuluma ngokuguquka okuyodala ijwayezi lokuba sikhulume kakhulu ngokuhle, singakuqhakambisi okubi. Kuhle sikhulume ngokubi uma sisola, kungabi sengathi siyakwesasela, sikunika udumo, nabonayo sibenza amaqhawe. Abathandi bakaJesu bayadinga ukuthandazela ukukhangisa ngokuhle ezenzweni, emicabangweni nasekukhulumeni.

Ukukhishwa kwamadimoni entombazaneni yaseMission yeseNdonyane, eSt Michael's.

Ihunyushwe nguSolwazi PJ Zungu

(Lendaba yalandwa nguMbhishobhi uHenry J. Dellale OMI ngo 1914 owayezibambele mathupha ekukhishweni kwamadimoni eNdonyane.)

Ingxenye yokuqala ikwi Newsletter yango April 2009

Ingxenye yesibili

UGermaine owayengenwe amadimoni, kwakuthi uma efafazwa ngamanzi ayingcwele uMphriste, zonke izinkomba zesimoni zinyamalale. Ngokpheleleyo, ukwesabeka kwezinkomba kwaba nomthelela omkhulu kulabo ababebukela lesisigameko. Baningi abaphendukayo futhi sakhula isibalo sabantu abaphendukela enkolweni yamaRoma. Ukukhishwa kwamadimoni, okwakhulula kabili intombazanyana eyayineshwa, kwakhombisa ngokusobala amandla emikhuleko yasesontweni.

Ukukhishwa kwamadimoni okokugcina kwenziwa ngumbhishobhi wendawo, u Mgr. Rt. Rev. Henry Delalle, OMI (1870 – 1946), owayengumbhishobhi omkhulu wase Natal kusukela ngonyaka ka 1903 kuya kunyaka ka 1946. Lombiko olandelayo wokukhishwa kwamamdimoni wabhalwa nguye uqobo ngesingisi ewubhalela amaKhatholika ephephabhukwini, okuthiwa yi Rome.

Imishini yaseNdonyane yasungulelwa ukuhlonipha u-St Michael. Ingamakhilomitha angu 20 ukusuka enkantolo yaseMzinto. "Ezinyangeni eziningi zilandelana bengiloku ngithola izincwadi zivela kuMphriste obhekele i- St. Michael, lapho wayengibikela khona ukuthi amantombazane amabili asesikoleni seMishini yendabuko ayehlaselwe ngusathane." Kubhala uMbhishobhi Delalle. " Wayecela imvume yokukhipha amadimoni ngokungcwele. Emva kwesikhathi, ngamvumela ukuba enze njalo. Emva kwalokho, izinto zathi ukuthula okwesikhashana, kodwa ngokushesha kwavela izimo ezishaqisayo kunalezo zasekuqaleni. Nganginengeke kakhulu futhi ngokholwa wukuthi lesosigameko kwakungesokuhlaselwa ngamadimoni, kodwa ngehlisa umoya. Ngenxa yokuthi ngangingakwazi ukuziyela mina mathupha kuleyo Mishini, ngathumela u-Abbot wase Mariannhill ukuthi kuye yena noma athumele uMphriste owayezothola amaqiniso, uma kudingekile awakhiphe yena amadimoni entombazaneni. Kepha ezinsukwini ezimbalwa ezilandelayo, ngabona kukuhle ukuthi ngiziyele mina mathupha. Ngabe sengibhalela e-St Michael's ngitshela uMphriste uFata Joseph Gerard, OMI (owashona ngo 1914) ukuthi angilindele."

" Ngaleso sikhathi ngangingenaso isiqiniseko sokuthi isimo sasinjani. Ngabe sengifonela abaPhriste abathathu nezindela ngababuza imininingwane embalwa mayelana nalawo mantombazane. Lezi ngezinye zezinto abangitshela zona:

" Lamantombazane athwala izinto ezisindayo ezingeke zithwalwe ngisho amadoda amabili. Ayasiqonda isiLathini uma bedlikiza, futhi basikhulume. Kwesinye isikhathi, baveza obala izono ezifihlakele zabafundi besikole. Kwesinye isikhathi bavele baphakame baye phezulu behlule amaSistela uma ezama ukubadonsela phansi. Ezinsukwini ezimbalwa ezedlule ngesikhathi amaSistela edonsela phansi uGermaine phansi , wamemeza wathi "ngiyasha". Kwesinye isikhathi umbhede wakhe wawusha yize kwakungekho mlilo owawuseduzane" kuqhubeka uMbhishobhi uDelalle

(Izoqhubeka ngenyanga ezayo)

Yazi Kabanzi Ngomkhuhlame Oyingozi Futhi Obulalayo (Swine Flu)

Thulani Jili

1. **Yini i-Swine Flu?**

Umkhuhlane lo othathelanayo owuhlobo olubizwa A(H1N1) ophatha ikakhulukazi izingulube.

2. **Ngabe uyabangena yini abantu lomkhuhlane?**

Yebo. Leligciwane (virus) liyakwazi ukwanda ebantwini. Kumanjenje leligciwane selingene kubantu abangu 1614 eMexico kuphela kanti abanye sebeshonile.

3. **Ungangingena yini lomkhuhlane uma ngidla inyama yengulube?**

Cha. Ngeke lingene leligciwane uma udla inyama elungiswe ngendlela eyiyo futhi ehloliwe.

4. **Wanda kanjani lomkhuhlane?**

Lomkhuhlane usakazwa abantu ngokuthinta into ethize (okungaba itafula ebelithintwe umuntu onaleligciwane) bese uthinta umlomo noma ikhala noma ucikice amehlo amehlo. Ukukhwehlela noma ukuthimula kungenza abanye balithole leligciwane uma unalo.

5. **Iziphi izimpawu zaleligciwane?**

- Imfuluwenza (influenza)
- Ukukhwehlela nomphimbo obuhlungu (sore throat)
- Ukubabuhlungu komzimba (body aches)
- Ukuphathwa yikhanda (headache)
- Ukuzizwa ugodola (chills)
- Ukuzizwa uphelelwa amandla (fatigue)

Uma selikungene kakhulu ungenwa inyumoniya futhi kubebukhuni ukuphefumula (pneumonia and respiratory failer)

(Iqhubeka ekhasini le-4)

(yazi kabanzi ngomkhuhlane : isuka ekhasini-3)

6. Ngenzenjani ukuzivikela

- Sebenzisa iduku noma ithishu uma ukhwehlela noma uthimula bese uyilahla emgqonyeni hayi noma kuphi.
- Geza izandla zakho ngensipho namanzi njalo ikakhulukazi emva kokukhwehlela noma ukuthimula.
- Ungajwayeli ukuthinta amehlo, ikhala noma umlomo ungazigezanga izandla ngoba leligciwane lingena kalula ngalezizitho
- Zama ukungabi seduze nomuntu ophethwe yilomkhuhlane
- Uma ungenwa yilomkhuhlane hlala ekhaya ungayi emsebenzini ukuze uvikele abanye

7. Ngenzenjani uma sengizithola ngigula?

Bonana nodokotela wakho noma uye esibhedlela. Ungakhohlwa ukwemboza umlomo nekhala uma usuya kulezizikhungo.

IMISA LOKUBONGA LIKA REV. DEACON WISEMAN NXASANE

USUKU : ***26 JULY 2009***

INDAWO: ***ST ALPHONSE PARISH P-SECTION UMLAZI***

ISIKHATHI : ***09H00***

(Uphapha uhambele kwalsrael: isuka ekhasini 1)

UPhapha ekhuluma namaPhalestina uthe " Ngiyazi ukuthi nihlupheke kangakanani futhi nisaqhubeka nokuhlupheka okuwumphumela wokungezwani osekuthathe iminyaka emininingi."

" AmaPhalestina njengabobonke abantu benelungelo lokushada, lokukhulisa imindeni, lokusebenza, elemfundo nokunakekelwa ngokwezempilo (Health Care). Ngiyathandaza, futhi ngiyethemba ukuthi ngosizo oluqhamuka emphakathini womhlaba (International community), kuqhubeke ngokushesha ukuvuselelwa kabusha amakhaya, izikole nezibhedlela ezalinyazwa noma ezacekelwa phansi ikakhulukazi ngesikhathi sempi eGaza." kuqhubeka uPhapha.

Ube esedlulela eBethlehema nakuyilapho ehole iMisa e Manger Square.

ISAZISO

I Newsletter yethu ifundwa abntu abevile ku 800 njalo ngenyanga. Uma unebhizinisi elisemthethweni futhi ufisa ukuba laziwe ngokuba lishicilelwe kule Newsletter, bonana no Mnu T Jili noma uSolwazi OEHM Nxumalo kule email : tjili@pan.uzulu.ac.za

Isiphephelo Funeral Directors



Sinethulela uhlelo lokungcwaba kuze kufike emalungwini omndeni ayishumi ngamanani aphansi ngaphansi kohlelo olubizwa ngo Wonke Wonke Plan. Uma ufuna ukwazi ngezinye izinhlelo zethu njengo Plan A no Plan B ungashayela u Tom Shandu ku

072 558 3953 noma 084 035 3344

noma uzifikele mathupha emahovisini ethu aku 57-59 Sydney Road noma Ezangomeni K-Section Umlazi